## UPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA

**UKUNQUNYWA NGOKWENDIMA 9(2) YESHEDULI YESINE YOMTHETHO WEZENTELA YENGENISOMALI, KA-1962 (UMTHETHO NO. 58 KA 1962), KOSUKU LOKUQALA KOKUSEBENZA KWAMATHEBULA AMASHA OKUBANJWA KWENTELA YABASEBENZI NJENGOBA KUBEKWE ENDIMENI 9(1) YESHEDULI YESINE YOMTHETHO WEZENTELA YENGENISOMALI, KA-1962**

1. Ngokwendima 9(2) yeSheduli Yesine yoMthetho Wezentela Yengenisomali ka- 1962 (uMthetho No. 58 ka-1962), ngalokhu kumenyezelwa ukuthi amathebula amasha okubanjwa kwentela njengoba kubekwe endimeni 9(1) yeSheduli Yesine yoMthetho, aqala ukusebenza mhla ka 1 kuNdasa 2016.

2. Wonke amathebula aphambilini anqunywe ngokwendima 9(1) yeSheduli Yesine ngalokhu aseyahoxiswa kanti lokho kuqala mhla ka 1 kuNdasa 2016.

3. Amathebhula amasha okubanjwa kwentela aziwa ngokuthi Weekly, Fortnightly, Monthly, Annual and Other Employment Tax Deduction Tables aqala ukusebenza mhla ka 1 kuNdasa 2016 futhi ayoqhubeka nokusebenza kuze kukhishwe esinye isaziso.

4. Amathebula okubanjwa kwentela aziwa ngokuthi Weekly, Fortnightly, Monthly, Annual and Other Employment Tax Deduction Tables aqala ukusebenza mhla ka 1 kuNdasa 2016 ayatholakala kuwebhusayithi yakwa-SARS (www.sars.org.za) futhi ashicilelwe ananyathiselwa kusomqulu i-PAYE-GEN-01-G01 – Imikhombandlela Yabaqashi Ngamathebula Okubanjwa Kwentela – Imikhombandlela Yangaphandle.

**T S MOYANE**

**UKHOMISHANA WOPHIKO LWEZOKUQOQWA KWENTELA ENINGIZIMU AFRIKA**